# AMAKHONO EMPILO ISIZULU
# IBANGA 1 ITHEMU 3

| | | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| ISIKOLE | | | | | | | | | | |
| ISIBONGO SOMFUNDI | | | | | | | | | | |
| IGAMA LOMFUNDI | | | | | | | | | | |
| USUKU LOKUZALWA | Unyak a | | | | | Inyang a | | | Usuku | | |
| ISIKHATHI | Izigaba | | | | | | | | | |

| LEVEL DESCRIPTORS | Not achieved 1 | Elementary 2 | Moderate 3 | Adequate 4 | Substantial 5 | Meritorious 6 | Outstanding 7 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | 0 - 29 | 30 - 39 | 40 - 49 | 50 - 59 | 60 - 69 | 70 -79 | 80-100 |

| | Umkhakha Ofundwayo | Amamaki Omfundi | Amamaki |
|---|---|---|---|
| 1 | Ukuqala Kolwazi Ubuyena Nenhlalakahle | | 40 |
| 2 | Ubuciko Bokusungula Obubonakalayo | | 15 |
| 3 | Ubuciko bokulingisa | | 15 |
| 4 | Ubuciko Bokuzivocavoca | | 30 |
| | AMAMAKI ESEWONKE | | 100 |


## Amakhono Empilo Ukuhlolwa Okuhleliwe
## Ithemu 3 Ibanga I

**Igama Lomfundi** ______________________**Usuku** ___________________

**Umkhakha Ofundwayo:** Ukuqala Kolwazi Ubuyena Nenhlalakahle

**Isihloko:** Umphakathi, Izilwane zasekhaya, Ukuziphatha kanye nezibopho.

**Usembenzil: Qondanisa isithombe nomusho ofanele.**

| | |
|---|---|
|  | Udokotela wezilwane usiza izilwane ezilimele nezigulayo. |
|  | Umcishimlilo usebenzisa ipayipi lamanzi ukucisha umlilo ukuze aphephise abantu. |
|  | Umtheli kaphethiloli usiza ukugcwalisa/ukuthela uphethiloli ezimotweni |
|  | Udokotela wamazinyo usiza ukugcina amazinyo akho enempilo futhi eqinile. |

4 amamaki

**Umsebenzi 2:** Kokelezela impendulo efanele ngomphakathi wami.

i. Indawo lapho sifunda okuningi okusha ______________

a. esikhumulweni sezindiza

b. emphakathini

c. epaki

d. esikoleni

ii. Ngiphuke umlenze ngaya __________

a. emtatshweni wezincwadi

b. esuphamakethe

c. esibhedlela

d. eposini

iii. Umama uyekothenga izimbali _______________

a. esitolo sezimbali

b. esikoleni

c. esiteshini sabacishimlilo

d. esiteshini samaphoyisa

iv. Ngigunda izinwele ___________________

a. kwadokotela

b. kumlungisi wezinwele

c. esuphamakethe

d. emtatshweni wezincwadi

**4 amamaki**

**Umsebenzi 3a:** Sebenzisa amagama asebhange lamagama ukuphendula imibuzo.

| | | | |
|---|---|---|---|
| kudokotela wezilwane | ubhasikidi | sondle | uthando |

i. Ngisa isilwane sami sasekhaya _______________ umasigula.

ii. Isilwane sami sasekhaya sidinga _______________ ofudumele wokulala.

iii. Kufanele ______________ izilwane zethu zasekhaya nsukuzonke.

iv. Izilwane zethu zasekhaya zidinga ____________________ olukhulu.

4 amamaki

b. Bhala izilwane ezimbili zasekhaya.

____________________ ____________________

2 amamaki

**Umsebenzi 4:** Funda izitatimende ezingezansi ufake uphawu uma kuliqiniso noma kungelona.

| Isitatimende | Iqiniso | Akulona iqiniso |
|---|---|---|
| i. Awothi ngiyabonga uma uthola okuthile. | | |
| ii. Ungababingeleli abantu. | | |
| iii. Hlonipha abantu nezinto zabo. | | |
| iv. Angabelani nabangani bami. | | |
| v. Kufanele uthi ngicela uma ufuna okuthile. | | |
| vi. Ukwabelana kuhambisana nokunakekelana. | | |

6 amamaki

**20 Amamaki aphelele**

## Amakhono Empilo Ukuhlolwa Okuhleliwe
## Ithemu 3 Ibanga 2


Igama Lomfundi ______________________ Usuku____________________

**Umkhakha Ofundwayo:** Ukuqala Kolwazi Ubuyena Nenhlalakahle

**Isihloko:** Izitshalo, Imbewu kanye nokudla.

**Umsebenzi 5:** a. Bhala izitho zesitshalo usebenzise amagama asebhange lamagama elingezansi .

| | | | |
|---|---|---|---|
| isiqu | izimpande | icembe | imbali |



4 amamaki


b. Bhala oku 2 okudingwa izitshalo ukuze zikhule


i.__________________________

ii.__________________________

2 amamaki

c. Buka lezithombe ubhale amagama angekho

| | |
|---|---|
|  | i.Ezinye izitshalo nezihlahla zisinika ______________________ |

| | |
|---|---|
|  | ii.Ezinye izitshalo nezihlahla zinika izilwane__________________ |
|  | iii.Ezinye izitshalo zisinika __________________ |
|  | iv.Sisebenzisa izinkuni zesihlahla ukwenza _______________. |

4 amamaki

**Activity 6: Funda isiqeshana bese uphendula imibuzo.**

| Ukudla okunempilo nokungenampilo |
|---|
| Ukudla esikuthandayo kuvame ukungabi nampilo. Kwezinye izikhathi sithanda ukudla okungenampilo. Sigeza izithelo nemifino njalo ngaphambi kokuzidla. Ukudla okusha akuhlali kukusha isikhathi eside. Umama nobaba kufanele babheke ukuthi ukudla akukadlulelwa isikhathi sokulungela ukudliwa ngaphambi kokuthi bakuthenge. |

i. Bhala ukudla oku 1 okunempilo okuthandayo.

_________________________

ii. Yikuphi ukudla okungenampilo kuwe?

_____________________________

iii. Ukudla okungekho kusha kubizwa________.

A. Ukudla okuyisisekelo
B. Ukudla okuyisampula
C. Ukudla okudala

v. Kungani umama nobaba kufanele babheke ukuthi ukudla akukadlulelwa isikhathi sokulungela ukudliwa?

______________________________________________

______________________________________________

5 amamaki

b. Bhala imisho emi 2 ngokudla okuthandayo.

______________________________________________


______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

2 amamaki

c. Buka izithombe ezingezansi ubhale umusho uchaze ukuthi zitholakaphi lezinhlobo zokudla 3 amamaki

| Isithombe | Umusho |
|---|---|
| Uju lwezinyosi  | ______________ ______________ ______________ |
| amaqanda  | ______________ ______________ ______________ |

Amakhono Empilo Ukuhlolwa Okuhleliwe
Ibanga I Ithemu 3

Igama Lomfundi: ________________ Usuku:____________________

**Umkhakha Ofundwayo: Ubuciko Bokusungula - Obubonakalayo.**

**Umsebenzi 7: Imimo ye 3D**

Abafundi benza umdwebo noma bapende into abayicabangayo njenge silwane sasekhaya,beqikelele emigqeni,imimo kanye nemibala naloko abakubhale ngaphezulu. Izinsiza: A3 noma A4 wephepha, amapensela ombala, Amapensela amafutha(pastel), njll.

- **Irubhriki : Ubuciko obubonakalayo**

| Uhlelo lwamamaki | | | | 15 amamaki | |
|---|---|---|---|---|---|
| 1-3 amamaki | 4-6 amamaki | 7-9 amamaki | 10- 12 amamaki | 13-15 amamaki | Amamaki Omfundi |
| Umdwebo noma okupendwe umfundi akunawo umugqa nombala. | Umfundi udwebe noma upende kwaba nemimo ethe gqwagqwa. | Umfundi udwebe noma upende kwaba nemimo kanye nemigqa ethe gqwagqwa | Umfundi udwebe noma upende kwaba nemimo, imigqa kanye nombala. | Umfundi udwebe noma upende kwane bhoda (boarder) nengemuva isb. elihlotshiswe ngokuphelele. | |
| Amamaki Aphelele | | | | | /15 |

# Amakhono Empilo Ukuhlolwa Okuhleliwe
## Ibanga 1 Ithemu 3

**Igama Lomfundi: _______________________ Usuku: ______________**

**Umkhakha Ofundwayo: Ubuciko Bokusungula - Ukulingisa.**

**Umsebenzi 8: Imisho yomnyakazo**

Abafundi babonisa umnyakazo onemizwa bengakhulumi, njengokudla ukudla akuthandayo. Okuqikelelwe ukulingisa ngaphandle kokukhuluma.

| Imbandela | Uhlelo lwamamaki | Amamaki omfundi |
|---|---|---|
| Ubonisa imizwa ehlukene ngaphandle kokukhuluma. | 3 | |
| Umfundi ukwazile ukulingisa/ukwenza. | 3 | |
| Umfundi uyakwazi ukwenza amaphethini omnyakazo anesigqi. | 3 | |
| Umfundi unokuzethemba. | 2 | |
| Umfundi uyakwazi ukubonisa umnyakazo achazelwe ngawo ukuthi awenze. | 4 | |
| **Amamaki Esewonke** | **15 Amamaki** | |

Amakhono Empilo Ukuhlolwa Okuhleliwe

Ibanga I Ithemu3

Igama Lomfundi: ____________________ Usuku: __________________

Umkhakha Ofundwayo: Ubuciko Bokuzivocavoca

**Umsebenzi8**: Abafundi babamba iqhaza ezithiyweni ngokuphephe,bagibele,beqe,balenge ezigxotsheni(hanging onto a bar) baphinde bazimelele.

Irubhriki - Ukuzivocavoca

| Uhlelo lwamamaki | | | | 30 amamaki |
|---|---|---|---|---|
| 1-9 amamaki | 10- 18 amamaki | 19- amamaki | 26-30 amamaki | Amamaki Omfundi |
| Umfundi uyizwile kancane imilayelo kodwa wehluleka ukuyenza ngokuphelele. | Umfundi uyizwile kwesinye isikhathi imilayelo kodwa wehluleka ukuyenza ngokuphelele. | Umfundi uyizwile yonke imilayelo wayenza ngokuphelele ezimisele futhi nangokubekezela. | Umfundi uyizwile yonke imilayelo wayenza ngokuphelele ezimisele ebekezele futhi nangoku jabula. | |
| Amamaki Aphelele | | | | /30 amamaki |

# Amakhono Empilo Ukuhlolwa Okuhleliwe
## Ithemu 3 Ibanga 1
## Imemorandamu

| Umsebenzi | Impendulo elindelekile | | Amamaki | Amamaki esewonke |
|---|---|---|---|---|
| Umsebenzi 1 a. |  | Udokotela wezilwane usiza izilwane ezilimele nezigulayo. | 1 | 4 |
| |  | Umcishimlilo usebenzisa ipayipi lamanzi ukucisha umlilo ukuze aphephise abantu. | 1 | |
| |  | Umtheli kaphethiloli usiza ukugcwalisa/ukuthela uphethiloli ezimotweni. | 1 | |
| |  | Udokotela wamazinyo usiza ukugcina amazinyo akho enempilo futhi eqinile. | 1 | |
| Umsebenzi 2 | i. d | | 1 | 4 |
| | ii. c | | 1 | |
| | iii. a | | 1 | |
| | iv. b | | 1 | |
| Umsebenzi 3 | i. udokotela wezilwane | | 1 | 4 |
| a | ii. ubhasikidi | | 1 | |
| | iii.sondle | | 1 | |
| | iv. uthando | | 1 | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| b. | Noma yiziphi izilwane ezimbili zasekhaya kungaba inja, ikati, inhlanzi njll. | I<br>I | 2 |
| Umsebenzi 4 | i. i.Iqiniso | I | 6 |
| | ii. ii. Akulona iqiniso | I | |
| | iii. iii. Iqiniso | I | |
| | iv. iv. Akulona iqiniso | I | |
| | v. v.Iqiniso | I | |
| | vi. Akulona iqiniso | I | |
| Umsebenzi 5 a. | i. imbali | I | 4 |
| | ii. icembe | I | |
| | iii. isiqu | I | |
| | iv. izimpande | I | |
| b. | i. ilanga | I | 2 |
| | ii. amanzi | I | |
| c. | i.umthunzi<br>ii.ukudla<br>iii.izithelo<br>iv.umlilo | I<br>I<br>I<br>I | 4 |
| Umsebenzi 6 a. | i. Noma yiyiphi impendulo ehambisana nombuzo.<br>ii Noma yiyiphi impendulo ehambisana nombuzo.<br>iii. c. okudala<br>ivNoma yiyiphi impendulo ehambisana nombuzo.<br>v.Noma yiyiphi impendulo ehambisana nombuzo. | I<br>I<br>I<br>I<br>I<br>I | 5 |

